**Imiyalelo kathisha: Imiyalelo kaThisha:** Funda lezigaba ezilandelayo ngaphambi ngokokuba nikhulume ngemibuzo ngxoxo nabantwana. Lokhu kuzokusiza ukubuza imibuzo ngokuzethemba nokusiza ukuyisebenzisa njengamathuluzi okusiza abantwana ukuthola ukuthi kwenzekani endatsheni nokuthi eziphi izifundo abangazithola kuyona. Ngokubuza imibuzo nokuthi abantwana baqhamuke nezimpendulo; ukufunda kwabo kuzoba mnandi futhi kube nempumelelo kunokuthi uvele ubanike zonke izimpendulo. Uma beba nobunzima ukuthola izimpendulo sebenzisa izigaba ezilandelayo ukubasiza bagxile endleleni efanele.

## Indaba efingqiwe

UNeo nobaba wakhe bangabasunguli. Bakwazi ukuxazulula cishe zonke izinkinga…..kodwa abakwazi ukuthola ikati likaNeo! UNeo wabheka yonke indawo, kodwa ikati linyamalele. Mhlawumpe ukunyamalala kwekati kuhlangene nokuthile ubaba wakhe asanda kukusungula? Hlanganyela noNeo ukuze athole umngane wakhe oyigugu ambuyisele ekhaya.

## Okuqukethwe

- Funda indaba
- Imibuzo ngxoxo nezihloko
- Umsebenzi wokufunda 1: Ukwakha amazinga okusondeza (zoom)
- Umsebenzi wokufunda 2: Akha elakho ikati eliyi-3D
- Umsebenzi wokufunda 3: Yini eshodayo?
- Umsebenzi wokufunda 4: Dweba isithombe semfuyo yakho
- Umsebenzi wokufunda 5: Ungakwazi ukukhumbula ukulandelena kwezithombe?
- Umsebenzi wokufunda 6: Ukuhlola ukugudluka kwamanzi
- Umsebenzi wokufunda 7: Akha ikati lesandla
- Umsebenzi wokufunda 8: Qala ngendingiliza
- Umsebenzi wokufunda 9: Akha eyakho iphazili
- Umsebenzi wokufunda 10: Thola izinto ezintantayo
- Umsebenzi wokufunda 11: Ukuwa kanye nokumelana nomoya

## Funda indaba

Ngaphambi kokufunda incwadi, bheka ingaphandle layo bese ubuza abantwana ukuthi uma becabanga indaba ingani. Uma usuqala ukufunda incwadi, uzoqaphela ukuthi incwadi ayinawo amagama. Nanka amathiphu angakusiza ukuhlahla indlela ngaphambili, phakathi nangemumva kokufunda incwadi:

- Uma unabantwana abangaphezulu koyedwa, hlala ngendlela evumela bonke abantwana ukuthi bakwazi ukubona izithombe bese uqinisekisa ukuthi bonke abantwana bathola ithuba lokusho imibono yabo.
- Banikeze isikhathi esanele ukusho abakucabangayo nabakuzwayo.
- Chitha isikhathi esanele ekhasini ngalinye bese uchaza ukuthi kwenzakalani.
- Buza imibuzo ngokwenzakalayo ekhasini lencwadi ngalinye.
    - Banikeze amasu afana nokuthi,"babunjani ubuso buka-Neo emva kokubona ukuthi ikati lakhe lidukile?", "wawusetshenziselwani lowamshini?", "kwashintsha kanjani ukuziphatha kukaNeo emva kokungena emshinini okokuqala?"

- Uma usuqedile ukufunda, buza abantwana ukuthi yini abayithandile ngendaba nokuthi ngubani umlingiswa abamthande kakhulu nokuthi kungani.
- Buza eminye emibuzo esohlwini olungezansi (khetha imibuzo ebukeka ihambisana nomtwana/iqembu labantwana onabo).
- Enza isiqinisekiso sokuthi wonke umuntu uthola ithuba lokubuza nokuphendula imibuzo. Ungavumeli labo abakhulile, abanokuzethemba okukhulu nabanomsindo ukuthi bacindezele abanye.

## Imibizo ngxoxo nezihloko

**Imibuzo yokuqondisisa ongayibuza abantwana- Lemibuzo yakhelwe ukubona ukuthi abantwana bayiqondile yin indaba:** Uma bengazikhumbuli izimpendulo, bangabheka encwadini ukuzikhumbuza, kodwa ungabasiza uma benobunzima:

- Iliphi ithuluzi elasetshenziswa Neo ukubheka amaqophelo ekati lakhe?
- Esigamekweni sokuqala encwadini, ngabe uNeo wenzani? Ngabe u-Goldfish wenzani? Ngabe ubaba kaNeo wenzani?
- Siqala nini ukubona ikati? (Amacebo: UNeo usasemkhulu futhi sibona umsila kuphela nawo futhi mncane).
- Kunini lapho siqala khona ukubona ishongololo?
- Uwabonile amabhuzu anezipringi kanye nesigqoko sebhanoyi encwadini Springloaded? Babekuphi?
- Umvevane oluphephuli silubona kangaphi encwadini? (Kungani kunosayizi abangafani emakhasini angafani?)
- Ngabe liyephi ikati likaNeo?
- Wasungulani ubaba kaNeo ekugcineni?
- Waphatheka kanjani uNeo ngesikhathi kulahlekile ikati lakhe?

**Imibuzo ngxoxo ongayibuza abantwana – Lemibuzo yakhelwe ukusiza abantwana bacabange bucayi noma ngokwehlukile ngendaba bese beqhamuka nawabo amacebo nemibono:**

- Kungani uNeo ahamba ukuyobheka ikati lakhe? Ngabe lokhu kusifundisani ngobungani kanye nomthwalo (responsibility)?
- Wenzani uNeo ukuthola ikati lakhe?
- Ngokuhamba kwesikhathi, walithola kuphi ikati lakhe uNeo?
- Kungani uNeo azinciphisa?
- Ngesikhathi uNeo esenciphile, ingadi iba indawo esabekayo kakhulu. Kungani kunjalo?
- Uma ungena kumshini enciphisanayo bese uya engadini, eyiphi into esabisayo ocabanga ukuthi ungayisaba kakhulu?
- Kungani ubaba kaNeo emangala uma ebona imoto enkulu ekupheleni kwendaba?
- Ibuphi ubungozi obukhona ekubeni nomshini onciphisanayo ekhaya lakho?
- Isho imibala eyahlukene esencwadini bese uyiqondanisa nezinto ezahlukene eziyimvelo.
- Chaza umehluko phakathi kweqhinga, umlingo, inkohliso kanye nesayensi.
- U-Arthur C. Clark odumile wathi: "noma ngabe ibuphi ubuchwepheshe obubalulekile noobuphawulekayo buchazeka njengomlingo". Ngabe uyavumelana naye? Kungabe abantu ababephila eminyakeni eyikhulu eyadlule bacabanga ukuthi iselula iwumlingo?
- Unaso isilwane esifuywayo? Uma ungenaso, noma uma ungaba naso, kungaba isiphi? Ngobani?
- Uma ungaba nesilwane esifuywayo emhlabeni kungaba isiphi? Ngobani?

- Isho imizwa eyahlukene uNeo abanayo ngezikhathi ezahlukene endabeni. Isibonelo, uma ethola ukuthi ikati lakhe lidukile wazizwa kanjani? Wazizwa kanjani ngesikhathi emncane nangesikhathi ebona ishongololo?

## Umsebenzi wokufunda 1: Ukwakha amazinga okusondeza (zoom)

- **Okudingayo:**
  - Iphepha
  - Ipeni lomsizi
  - Amakhrayoni

**Umsebenzi:** Kuzoya ngokuthi abantwana baneminyaka emingaphi, khetha umsebenzi ohambisana nabo kuloluhla olulandelayo.

- **Iminyaka 3-7:** abantwana mabacabange ngesilwane abasithandayo okungaba ngesifuywayo noma esingafuywa. Bayalele ukuthi bakhethe noma esiphi isilwane abasithandayo bese benza sengathi bayisona. Abantwana mabalingise ukuziphatha kwaso nendlela esibuka ngayo izinto ezahlukene. Isibonelo, intuthwane ibona ikati lilikhulu kakhulu ngoba intuthwane isinambuzane esincane, lapho abantu bona bebona ikati liyisilwane esincane. Gqugquzela abantwana ukuthi basungule awabo amazinga okusondeza besebenzisa noma yini ekhona. Basize uma bekhombisa ukuba nezinkinga kodwa ungabadwabeli noma ubatshele.
- **Iminyaka 8-9:** Abantwana mabadwebe izithombe ezintathu ezisondeziwe ezisukela esithombeni (isibonelo. Iqanda esidlekeni, isidleke egatsheni, igatsha esihlahleni, njalo njalo). Emva kwalokho, abantwana abahlukanise iphepha labo izikhala ezintathu ezilinganayo bese bedweba izithombe isikhala ngasinye isithombe esisondeziwe ngokulandelana kwazo. Abantwana mabaqhamuke nezabo izithombe ezilandelanayo. Bagqugqzele abantwana ukuthi basungule ezabo izithombe ezilandelanayo ngokulandelana kwazo. Basize abantwana uma bekhombisa ukwehluleka kodwa ungabadwebeli.
- **Iminyaka 10-12**: Abantwana mabathole iphepha bese belehlukanisa izikhala ezine (4) ezilinganayo. Esikhaleni ngasinye mabadwebe isithombe esisodwa ukukhombisa ukusondezeka kwaso (isibonelo. Bangaqala ngeqanda, kube iqanda esidlekeni, kube iqanda esidlekeni esisegatsheni lesihlala, bese kuba igatsha elisesihlahleni). Abantwana mabaqhamuke nezabo izithombe ezilandelanayo. Bagqugqzele abantwana ukuthi basungule ezabo izithombe ezilandelanayo ngokulandelana kwazo. Basize abantwana uma bekhombisa ukwehluleka kodwa ungabadwebeli.

## Umsebenzi wokufunda 2: Akha elakho ikati eliyi 3D

- **Okudingayo:**
  - Iroli yethishu
  - Isikelo
  - Iphephe
  - Glue/sellotape
  - Upende (wemibala oyahlukene)
  - Ibrashi lokupenda

**Umsebenzi:** nikeza abantwana izinsiza zokuthi baqale benze amakati abo. Siza abantwana ukulandela izigaba ezinikeziwe (qinisekisa ukuthi ubaqapha ngokufanelekile ngesikhathi besebenzisa izikelo). Batshele ukuthi mabaqambe amakati abo bese ubasiza ukuhlobisa ngawo endaweni ephephile ezindlini.

Gqugquzela umntwana noma abantwana ukuthi bakhombise ubuciko ngendlela abangathanda nayo. Bancome emsebenzini wabo abawenzayo.

## Umsebenzi wokufunda 3: Yini eshodayo?

- **Okudingayo:**
  - Iphepha elinesithombe sokushodayo
  - Ipeni lomsizi
  - Amakhrayoni
  - Irabha

**Umsebenzi:** Nikeza abantwana iphepha elinesithombe esishodayo. Abantwana mabathole ukuthi yini eshodayo ngokuqhathanisa okusephepheni nokusencwadini bese beqedela isithombe ngokudweba okushodayo. Uma sebeqedile, mabalikhrayone iphepha labo libukeke njengasencwadini.

## Umsebenzi wokufunda 4: Dweba isithombe semfuyo yakho

- **Okudingayo:**
  - Iphepha
  - Ipeni lomsizi
  - Irabha
  - Amakhrayoni

**Umsebenzi:** Abantwana mabacabange isilwane esifuywayo abasithandayo. Xoxani ngokuthi kungani besithanda nokuthi sibalulekile kubona. Banikeze isikhathi sokuqedela umdwebo wabo bese ubanika ithuba lokwethula lokho abakudwebile. Uma umntwana engenaso isilwane asithandayo mgqugquzele ukuthi adwebe noma ngabe esokuzakhela bese esinikeza igama.

## Umsebenzi wokufunda 5: Ungakwazi ukukhumbula ukulandelana kwezithombe?

- **Okudingayo:**
  - Iphepha lezithombe ezilandelanayo
  - Amakhrayoni
  - Isikelo

**Umsebenzi:** Nikeza abantwana iphepha lezithombe ezilandelanayo bese bezikhrayona njengasencwadini. Uma sebeqedile ukukhrayona, mabasike amakhadi ezithombe, bazixube bese bezama ukuzibeka phansi ngendlela ezilandelana nayo encwadini. Uma sebeqedile ukuzilandelanisa, abantwana mababheke encwadini ukuthi kungabe benze kahle yini noma kukhona okumele bazilungise ukuze zime kahle.

## Umsebenzi wokufunda 6: Ukuhlola ukugudluka kwamanzi

- **Okudingayo:**
  - Amadwala kanye namatshe abanosayizi abangafani.
  - Isigubhu esidala samafutha esingamalitha ayi-5 noma esiphi isigubhu esingamalitha ama-2.
  - Amanzi
  - Ummbese

**Umsebenzi:** Kulolucwaningo, abantwana bazofunda ukuthi amadwala/amatshe akhuphula amanzi ngokuthatha indawo kanye nokwenza amanzi kuthi anyuke aze agcine esephuma. Ngoba amatshe ayasinda kunamanzi, ayacwila bese ephushela amanzi ngaphandle.

- **Isitephu 1:** Qala ngokusika isigubhu phezulu ukuze abantwana bakwazi ukufaka amatshe phakathi.
- **Isitephu 2:** Faka amanzi ebhodleleni abe uhafu.
- **Isitephu 3:** Abantwana mabafake amatshe bese bebona kuzokwenzakalani.
- **Isitephu 4:** Uma abantwana sebefake amatshe anele ebhodleleni amanzi aze afika kwelinye izinga elibonakalayo, mabame isikhashana bese nikhuluma ngenikubonayo okwenziwa amatshe uma efakwa esitsheni esinamanzi, amanzi ayaphuma. Buza abantwana ukuthi bacabanga ukuthi ubukhulu noma ubuncane bamatshe kungachitha amanzi ngokushesha.
- **Isitephu 5:** manje nikeza abantwana ithuba lokuhlola usebenzisa amatshe angosayizi abangafani ukuze ubone ukuthi amatshe amancane noma amakhulu achitha amanzi ngokushesha.

## Umsebenzi wokufunda 7: Akha ikati lesandla

- **Okudingayo:**
  - Inhlabathi/umlotha/amalahle
  - Amanzi
  - Iphepha

**Umsebenzi:**

- **Isitephu 1:** Siza abantwana ukuxuba inhlabathi noma umlotha noma amalahle namanzi ukwenza upende wokwenza amaqophelo.
- **Isitephu 2:** Faka isandla kupende bese uyasikhipha usicindezele ephepheni elimhlophe. Basize ukucindezela izandla zabo ngendlela yokuthi iminwe emine ibheka phansi ukwenza imilenze emile yekati, isithupha sibe umsila wekati bese kuthi esihlakaleni unamathisele ukhanda lekati elinamadlebe.
- **Isitephu 3:** Siza abantwana ukudweba ubuso bekati, ekhoneni eliphezulu lesihlakala (ikhona eliphambene nalapho kukhona khona umsila). Basize ukuthi baqhamuke namaqhinga ahlukahlukene ahambisana nabo bese ubagqugquzela ukuveza amakhono abo obuciko. Beseke lapho bedinga khona ukwesekwa bese ubabuza imibuzo mayelana nabakwenzayo baze baqede.
- **Isitephu 4:** Basize ukuqamba amakati abo bese behlobisa ngomsebenzi wabo. Gqugquzela umntwana/abantwana ukuthi bakhombise ubuciko bese uqinisekisa ukuthi bayawuthokozela umsebenzi. Bancome ngomsebenzi wabo omuhle.

## Umsebenzi wokufunda 8: Qala ngendindiliza

- **Okudingayo:**
  - Iphepha "Start with a Circle"
  - Amakhrayoni
  - Ipeni lomsizi
  - Irabha

**Umsebenzi:**

- **Isitephu 1:** Ezindilingeni ozinikeziwe, dweba izinto ezahlukahlukene ezizofaka lezindilinga osunazo kuphume umdwebo othile.
- **Isitephu 2:** Khrayona imidwebo yakho bese wethula umsebenzi wakho.

## Umsebenzi wokufunda 9: Akha eyakho iphazili

- **Okudingayo:**
  - Iphepha lika Neo eshayela imoto – iphazili
  - Amakhrayoni
  - Khalibhothi

**Umsebenzi:**

- **Isitephu 1:** Nikeza abantwana iphepha lephazili. Abantwana mabalikhrayone njengasencwadini.
- **Isitephu 2:** Namathisela iphepha lephazili kukhalibhothi bese ulinquma ulihlukanise libe amakhadi.
- **Isitephu 3:** Abantwana mabazame ukubuyisela iphazili njengoba injalo. Banikeze izikhathi esanele sokuzama.

## Umsebenzi wokufunda 10: Thola izinto ezintantayo

- **Okudinayo:**
  - Ibhodlela elidala elingamalitha ama-5 noma ama-2.
  - Amanzi
  - Ummbese

**Umsebenzi:**

- **Isitephu 1:** Qala ngokusika isigubhu phezulu ukuze abantwana bakwazi ukufaka izinto ezintantayo nezingantanti phakathi.
- **Isitephu 2:** Siza abantwana ukuthola izinto ezintantayo nezingantanti bese befaka izinto abazitholile phakathi.
- **Isitephu 3:** Kancane, kancane faka amanzi bese uyalela abantwana ukuthi babheke okwenzakalayo. Uma into intanta emanzini, izophusheka iye phezulu, ngesikhathi iphushwa amanzi endaweni yayo (ngoba amanzi anamandla kunezinto ezintantayo lokho kwenza izinto ngendlela amatshe enza ngayo).

## Umsebenzi wokufunda 11: Ukuwa kanye nokumelana nomoya

- **Okudingayo:**
- Izinto ezimbili ezinesimo esifanayo – eyodwa esindayo neyodwa elula.

**Umsebenzi:** Lomsebenzi owokucwaninga umzamo owenziwa ngusomkhathi waseNtaliyane (Italy) u-Galileo Galilei ngonyaka ka 1589. (eminyakeni engamakhulu amabili (200) ngaphambi kokuzalwa kwenkosi uShaka)

- Abantwana mabacoshe izinto zabo ezimbili abazitholile ezinesimo esifanayo, eyodwa esindayo neyodwa elula.
- Buza abantwana: "uma ungawisa lezinto zakho ezimbili ngesikhathi esisodwa, iyiphi engafika kuqala phansi? (kumele baphendule lombuzo ngaphambi kokuziwisa izinto zabo zombili)
- Phatha into eyodwa esandleni ngasinye, ziwise kanye kanye bese ubukela ukuthi ikuphi okuzowa kuqala (noma uma ziwa ngesikhathi esisodwa).

**Ingxoxo:** Ikuphi okuwe kuqala? Kungani lokho kwenzekile uma ucabanga? Phinda umsebenzi izikhathi eziwu 2-3, sebenzisa izinto ezingafani ezisindayo nezilula. Buza abantwana ukuthi ngabe lokho abebekucabangile kwenzekile yini noma cha? Ngabe kudalwe yini? Ngabe zonke lezikhathi ozame ngazo ukuphinda umsebenzi kwenzeke into efanayi noma ehlukile? Uma abantwana sebeyibonile imiphumela, bachazele ukuthi njengoba amandla asemhlabathini esebenza ngokufanayo ezintweni zombili obuziphethe, zombili izinto ziwe ngesikhathi esifanayo. Izinto ezenza kube ngathi kwehlukile ukuthi:

- Izingqondo zethu zijwayele ukusikhohlisa. Ngoba izinto ezisindayo zinamandla amaningi futhi kunzima ukuzicosha, kubukeka sengathi ziwa kuqala kunezinye.
- Nakuba isisindo sento singasho lutho kwisivinini eya naso phansi, isimo isona esenza umehluko. Ukuvuleka/ububanzi kwento ekuyona (kuqhathaniswa nesisindo sayo), isophazanyiswa umoya omningi, bese kwenza ihlike kancane ukuya phansi. Kungakho isando siwa kuqala kunophaphe.

---

*Thanda is a non-profit organisation based in rural Mtwalume, KwaZulu Natal South Africa. Our curriculum is made up of activities that we have developed over 12 years. The ideas and inspiration for our activities come from is a wonderful combination of educators, books, websites, YouTubers, and other places and people on the internet. We are very grateful for all of them. Where we use ideas or activities directly from a source, we always endeavour to give credit to the creator. We do not endeavour to profit from these story studies, we only wish to add value to the lives of people we may have the opportunity of crossing paths with.*

| www.thanda.org | info@thanda.org |

---

